

'Ngizolandela ezinyathelweni zikaNdlovu'

ZODWA NDABA

UMDLALI ohamba phambili eNingizimu Afrika kwiWheelchair Tennis, uLucas Sithole, uthi uzimisele ukulandela ezinyathelweni zikaSizwe Ndlovu ohlabane ngendondo yegolide kwi-rowing kuma-Olympics abeseLondon.

"Ukuphumelela kukaNdlovu kuyangifunzelela futhi kunginika ithemba lokuthi nami ngenze kahle ngibuye nendondo. Lokhu kuzolethela iKwazulu-Natal nendawo yangakithi (Newcastle) isithunzi nokuhlonipheka," kusho uSithole oseke wakhethwa njengomdlali ovelele kwabanokukhubazeka kumaSA Sports Awards ngonyaka odlule.

Le nsizwa yasoSizweni, eNewcastle, iqhubeka yathi inethemba lokuthi bazoqhubeka bagile izimanga njengoba kwenza iqembu ebilimele elakuleli eBeijing, eChina ngo-2008.

Inselelo ebhekene nalesi sikwati esifutathela elakuleli namuhla wukuqinisekisa ukuthi siqhubeka nesigqi esihle seqembu lakuleli elibuye nezindondo ezizisithupha kuma-Olympics asanda kuphothulwa eLondon. Imidlalo yamaParalympics



izoqala ngo-Agasti 29 isongwe ngo-Septemba 9.

USithole ukhuluma ngokuzethemba nje elakuleli linomlando omuhle kulo mqhudelwano. EBeijing labuya lihambela phezulu emva kokubuya nezindondo ezingu-30 – ezingu-21 zegolide, ezintathu zesiliva neziyisithupha zethusi. Kulokhu likleliswe namazwe awu-10 ahamba phambili. Ngo-2008 lalisendaweni yesithupha.

USithole, okleliswe isikhombisa emhlabeni jikelele, uthi yize kuxega amadolo kodwa ukunqoba kwakhe i-Europe Austria Tour kungekudala kumika ithemba lokuthi ngeke ashaye into ephansi emidlalweni yakhe yokuqala.

"Ngizizwa nginokwesaba njengoba zinsuku sezisondela. Noma ngingeke ngithembise igolide kodwa ngiyazi ukuthi ngizokwenza kangcono," kusho Sithole odlale ingcwenga efinyelela kowamanqamu kuMelbourne Open.

"Yize ngiwunqobile umqhudelwano omkhulu, i-Europe Austria Tour, ithenisi iwumdlalo ongeke ulibeke ngembaba ukuthi uzowunqoba."

Phakathi kwezicoco eziphethwe nguSithole azithole njengoba ebelungiselela ama-Paralympics, kukhona iKorea Open ayinqobe ngoJuni nyakenye, Gauteng Open neBelgium Open.

USithole, onezinqu ze-Sport Management azithole e-University of Johannesburg, uthi okwamanje usezipholisha okokungcina ngaphambi kokuthi alifulathele leli kusasa.

Uthi ekuseni bagxila ukutheni bagcine imizimba yabo ilolongekile kuthi ntambama basebenze ngamaqhinga abazowasebenzisa uma sebebhekene nezimbangi zakhe.

Limi kanje selilonke iqembu lamaParalympics:

Athletics: Tshepo Bhebe, Dyan Buis, Andrea Dalle Ave, Pieter du Preez, Charl du Toit, Arnau Fourie, Ilse Hayes, Hilton Langenhoven, Anrune Liebenberg, Michael Louwrens, Teboho Mokgalagadi, Jan Nehro (guide: Duane Fortuin),



UMDLALI oqavile kwi-wheelchair tennis, uLucas Sithole, olangazelele ukulandela ezinyathelweni zikaSizwe Ndlovu wasoMadadeni, eNewcastle, obuye nendondo yegolide kuRowing ikhombisa: ETIENNE ROTHBART

Zandile Nhlapo, Jonathan Ntutu, Oscar Pistorius, Anika Pretorius, Samkelo Radebe, Casper Schutte, Union Sekailwe, Zanele Situ, Zivan Smith, Marius Stander, Duane Strydom, Fanie van der Merwe noChenelle van Zyl. Equastrian (Umdlalo wokugitshelwa kwamahashi kujonjwe imigoqo): Anthony

Dawson, Philpa Johnson, Marion Milne, Wendy Moller Manager: Tracey Cumming. Swimming: Renette Bloem, Charl Bouwer, Natalie du Toit, Emily Gray, Achmat Hassiem, Hendri Herbst, Marike Naude, Kevin Paul, Shireen Sapiro, Tadhg Slattery Manager: Queeneth Ndlovu. Wheelchair basketball:

Justin Govender, Siphamandla Gumbi, Stuart Jellows, Kyle Louw, Luvuyo Mbande, Gift Mooketsi, Richard Nortje, Kobus Oeschger, Marius Papenfus, Marcus Retief. Wheelchair Tennis: Evans Maripa, Sydwell Mathonsi, Kgothatso Montjane noSithole.